S.70. *2. Isizwe sama Seleku savela khona ndulweni phakathi kwesa kwa Maphumulo. Useleku njengoba wayengowakwabo ka Maphumulo wabanga ubukhosi no Maphumulo. Ngakoke kwakhethwa ilanga lembu thano yomphakathi ukuze kubekwe inkosi. Kwathi sekusesi goawini kwachamukainto ebomvu imuka nomfula. Kwabe akayibonile ama Seleku, athi "Oho, siloku silibele lapha sisayozibambela nasiya inyama imuka nomfula." Asho qede, kwaba ukububulubulu
4. kubwekwe enzansi nomfula. Bala baze bayibamba inyama yabo okwa fumaniseka ukuthi kanti kwakuyi sigodo sesihlakothi simuka nomfula. Babuya sebedumele. Bathe befika bafica indaba isinqunyiwe ubukhosi sebunikwe uMaphumulo. Ama Seleku eabese khonza kwa Maphumulo.

Lemizekeliso emibili efuzene ezihlokweni zayo ezinkulu kokuqala iyavumelana ukuthi ama Seleku naba Kwa Maphumulo badabuka ndininye. Okwesibili ukuthi amaSeleku aphuthelwa ukukhosi nje ngoba afikela muva, kokunye ekade esalibele ukudla ama Seleku kokunye ekade esalibele ukuxoshana nesigodo sesihlakothi.

Namhlanje okufakazayo impela ukuthi abasema Selekwini bahlangene nabakwa Maphumulo ingoba abasemaSelekwini bafunga amakhosi akwa Maphumulo oDibandlela no Mashimane. Akekhoke munt̸u oke afunge inkosi okungesiyo eyakubo.

5. Khona lapho futhi kukhona okufakazayo ukuthi abukho abuzangi futhi bubekhona ubuhlobo begazi phakathi kwama Seleku nabakwa Maphumulo ngoba bayaganana.

Manje ke sesifike efindweni kanti pho bamunye kanjani ngaphi? Bahlangene ngaluhlangothi luni? Uma ukhumbula lemizekeliso ekade siyilanda lapha uzofumana ukuthi ivumelana ngokuthi uSeleku lapha kulomuzi wakwa Maphumulo uvelele muveni.

Yebo, nathi seyavuma ukuthi uSeleku kakhulelanga n lapha kwaMaphumulo kanjaloke kazalwanga lapha indlini yakwa Maphumulo. Wafika esenidala. Watholwa lapha kwa Maphumulo kuazwi ukuthi abantu bakwa Maphumulo abantu abanokbudele ezi hambini. Inkosi uDibandlela yake yashaya indoda yomlungu uIsaacs ngemfe iphindiwe.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S.70 Umlungu lowo wayezedlulela nje eya kwa Zihlandlo ngaso Phisweni, kodwa wahlatshiswa inkomo walaliswa kahle kakhulu naye wadela wancanywa konke loko kuyasanelisa ngempela ukuthi umuntu ongenabani wayengaze dlula kwa Maphumulo.

Ekutholweni kwakhe uSeleku igama lakha kwakungu "Sarage" noma igama eliseduze nalelo olimini lwama Kiwa ase Portguese East Africa. Bathi lapho bembuza ukuthi uqhamuka ngaphi wakhomba ngase Nyakatho ngalapho nabo buqhamuka ngakhona. Basebethi "Habe! owakithi impela lomuntu. Kusobala futhi ukuthi bathi lapho bembuza ukuthi kade edlani yena wapendula ngokubatshela igama lakhe ngoba wayengaluzwa kahle ulimi lwabo. Basebethi bona uthi kade edla amseleku. Kwathi noma sebezwe kahle uk thi igama lakhe ngu "Sarage" behluleka

7. ukulibiza besebethi ngumSeleku) Mseleku).

Kulezinsuku zethu akhona amakiwa akwa Sarage aqhamuka le kwalama Putukezi akile lapha eSibubulungu (Bluff) e Thekwini. Amanye akhe eBAvendish. Amazulu ke nalama Khiwa akawabizi ngokuthi Sarage athi Mseleku. Uma sewabuza ukuthi ahlangene kanjani nalaba bakwa Mseleku abangama Zulu athi wona labo bangabafowabo. Kusobala ukuthi omunye wawo (AmaKhiwa)weduka endulo ngesikhathi sokuthunjwa kwezigqila wahlangana nama Zulu wayesethatha ulimi kanye namasiko amaZulu. Lomqondo yiwo nathi esiwusekayo kakhulu.

Ukuhamba kuka Seleku ezweni kwamqinisa kakhulu ngangoba nalapha kwa Maphumulo kazange abe mnyube. Ngenxa yaloko wa shesha waduma wayesethola isibongo sokuthi uDuma. Kwasekuba

8. uMseleku Duma.

Konabelu ukuhamba kwakhe uSeleku ezweni kwamfundisa ukunxiba nakhona lapha kwaMaphumulo wawuqhuba lomkhuba wakhe wakunxiba noma wawungasa swelekile kahulu waze waqanjwa ngawo. Kwathi uNcibi Manje ke kwasekuba uMseleku-Duma-Ncibi.

Isikhumbuziso sokuthi uMseleku watholwa samileselwa ngegama lokuthi sitholwa kodwa lona lashesha laguquka kwathiwa Sithole; Mseleku-Duma-Ncibi-Sithole.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S.70. Nakuba abakwa Maphumulo umSeleku babemphethe njengo munye wabo ngempela, yena azange akhohlwe nangolulodwa usuku ukuthi wayeyisihambi ngenxa yaloko wayeloku enovadlwana lokuthi mhlambe bathi lala lulaza ssikwengule loku wakukhombisa ngoba wayengaphumi ebusuku ukuba ayoshobinga njengezinszwa zonke. Wayeze
9. aphume kusile yena. Basebembonga ngokuthi uMathunda kusile njenge thole-lenkabi.

Kuze kube namhlanje isibongo sasemaSelekwini sekuhlangene nezithakazelo simi kanje:

Mseleku - Duma - Ncibi - Sithole - Mathunga - Kusile-Njengethole-Lenkabi.

Useleku bathi ukuba bamthole base bembeka uphawu ngoku mzawula ezihlathini nayeke abantwana bakhwe wabachaza ezihlathini ukuze bathathe uphawu lukayise. Lwase luze luya ~~uph~~ ma ke lolophawu. Kuzekube ~~eadhla~~ namhlanjena amaSeleku ayachaza ezihlathini Kodwake namhlanje ukuchaza loku sekulisiko lamaSeleku uma ingane ingachaziwe iye ilukhalele uphawu ize inikwe lona. Uma sekuyisukile igane iye ikhale kuze ku6e sengathi umhlola. Uma phezu kwaloko abazali bengane bethalalisa iye ikhule ingane ngokutetema, ibe isinyefu. Kokunye noma isigijima nje ike
10. ibuye egceekeni izochama endlini yenze noma yini njalo. Loko kuze kubaphoqe impela abazali bayo ukuba bayinike uphawu noma bebengathandi.

Ama Seleku emdakwini wawo kwaZulu esigodini saseMvo'ti phakathi kwawo no Thukela kazange abethi kwawo no Thukela kazange abenankosi. Nanamhlanje kanayo. Kulesosikhathi aye khonse kwa Maphumulo. Namhlanje asahlakazeka kakhulu nezwe ngokoke asekhonze emakhosini ahlukeneyo kodwake emvama yawo asafunga amakhosi akwa Maphumulo.

Imikhuba: Njengoba sesishilo bayachaza ezihlathini izingane zichazwa yisalukazi esingenasemaSelekwini esizalana nezingane.

Abantu basema Selekwini njengeziswe abantu abamnandi abasheshe bajwayeleke. Bayawathanda kakhulu amahlaye ikakhulu abesilisa ngenxa yaloko ulaka lwabo olukhulu luyafihleka

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/19

S.70. lungasheshi luvela.

// Bonke abesilisa nabesifazane/baveme ukuba nesibindi esikhulu.

Abantu basema Selekwini bakuthanda kakhulu ukuhamba izwe futhi uma esehamba ukuhamba ajokele. Loko ke akumangalisi muntu ngoba akhulukhulwane wabo waqhamuka kwelikude izwe.

END.S.70.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.